

iSimangaliso

News Flash



iSimangaliso
Wetland Park



KOSI BAY COASTAL FOREST LAKE SIBAYA SODWANA BAY UMKHUZE FALSE BAY CHARTERS CREEK LAKE ST LUCIA CAPE VIDAL MAPHELANE

12 kuNhlolanja 2024

SEKUVULIWE UKUFAKWA KWESICELO SOMFUNDAZE ESIMANGALISO



iSimangaliso Wetland Park Authority sinxenxa abafundi ukuba bafake izicelo zokuxhashwa ngemifundaze kulo nyaka ka2024. Njengenxene yokuthuthukisa imiphakathi eyakhelene nepaki, lolu hlelo luhlose ukusiza kakhulu abafundi abangathathintweni abahlala emiphakathini engomakhelwane nepaki. Lolu xhaso lufaka phakathi ukulekelela abafundi abenza unyaka wokuqala eNyuvesi ukuba bathole ukululekwa ukuze bezosheshe bajwayele impilo yaseNyuvesi.

Uma unyaka uqhubeka, abafundi kuyenzeka bathole ithuba lokuthi baqequesheke baphinde bathole isipiliyonu mayelana neziq abasuke bezenza ngokuhlukana kwazo. Lokho kunika ulwazi oluthe thuthu kanye nokuqonda kancono ngeziq umfundi akasuke ezenza. iSimangaliso Wetland Park Authority sasungula loluhlelo ngonyaka ka2010. Selokhu lwaqala, seluxhase abafundi abayikhulu namashumi

ayisishiyagalombili nane, okungabafundi abasuka kule miphakathi engomakhelwane nepaki. Abafundi abayikhulu namashumi ayisithupha nesishiyagalombili sebegogodile kwaNgqondonkulu, abangaphezu kwamaphesenti angamashumi ayisithupha kulaba sebeyasebenza, kubo abangamaphesenti angamashumi amabili nanhanlu baqashwe iSimangaliso. Lolu hlelo luxhasa abafundi abasuka kule miphakathi engomakhelwane nepaki abenza umkhakha wezokongiwa kwemvelo, ezokuvakasha kanye nabenza izinqu eziyamene nokuthuthukisa imiphakathi.

iSimangaliso siyaye sisingathe imihlangano eyahlukahlukene kanye noqequesho senzela abafundi abasuke behlomule kulolu hlelo. Abahlomuli baloluhlelo bathola imali, kanye nokuqequeswa mayelana nokubhekana nencindezi. Abahlomula kulolu hlelo bathola imali yokubhekana nezidingo, idatha, iletophu kuthi uma umfundu esenza unyaka wokugcina eNyuvesi enzelwe izincwadi zokushayela. Lolu wuhlelo olumqoka kakhulu eSimangaliso kanye nakumkhandlu waseMkhanyakude ngoba lushintsha izimpilo zabantu ikakhulukazi intsha enesifiso sokufunda kodwa kube nenselelo yobubha. Kuhloswe ukuthi intsha yakule ndawo ithole ukuqequeswa kanye nokuhlomiswa ngolwazi namakhono kwezokongiwa kwemvelo kanye nezokuvakasha.

Kulesi sikhathi yilapho iSimangaliso sinxenxa khona abafundi ukuthi bafake izicelo zokuxhaswa ngaphansi kwalolu hlelo. Kudingakala abafundi abayishumi abazoba nalokhu okulandelayo:

1. Umfundu owenza unyaka wokuqala kulezi zikhungo; iNyuvesi yaKwaZulu Natal, iNyuvesi yase-Zululand, iNyuvesi iMangosuthu kanye ne-Durban University of Technology.
2. Abafundi kumele kube wukuthi basifikile isicelo sokuxhaswa iskhwaba esixhasa abafundi esaziwa ngokuthi i-National Student Financial Aid Scheme futhi kube nesiqiniseko sokuthi isicelo sakhe samukelekile kulo nyaka.
3. Abafundi kumele kube ukuthi babhalisele imikhakha efana nokongiwa kwemvelo, ezokuvakasha, ukuthuthukiswa kwemiphakathi, ezamabhizinini, ukufundela umthetho kanye nobunjiniyela njalo njalo.
4. Kube umfundu wakuleli lizwe, kube ukuthi ungumsuswa walapha eSimangaliso okanye uhlala ngamphansi komaspala wesifunda Umkhanyakude noma kumasipala waseMfolozi ikakhulukazi abafundi abasuka kwaSokhulu.

iSimangaliso sihambela lezi zikhungo ezibalwe ngenhla ngenhoso yokunxenxa abafundi. Abafundi abafisa lolu xhaso bengathola ifomu lokufaka isicelo kulesi sizindalwazi seSimangaliso (www.isimangaliso.com). Usuku lokuvalwa kokufakwa kwezicelo umhlaka 24 kuNhlolanja 2024.

Isitatimende sikhishwe iSimangaliso Wetland Park Authority

Abezindaba bengaxhumana no:

MLO: Mr Bheki Manzini

Call/Whatsap: 060 533 2082

Email: bhekimanzini@isimangaliso.com